# ISITATIMENDE SABEZINDABA NGOKUVALELWA KWEMIKHUMBI NGUSARS

**Tshwane, 20 kuMandulo 2023 –** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) luwuqaphele umbiko wabezindaba wamhla ziyi-17 kuMandulo obikwe yi-Sunday Times mayelana nokuvalelwa kwemikhumbi emihlanu ebandakanyeka kuchungechunge lokuhlinzekwa kwemikhumbi ngesinikamandla.

Kusukela kowezi-2016 uSARS ubulokhu ukhulumisana nemboni yezinikimandla ukuba igqugquzele ukuthobela imithetho-nqubo emayelana nokungeniswa kwamanye amazwe, ukuhweba kanye nokunye okwenziwayo lapho kusetshenziswa imikhumbu ebamba iqhaza ekuhlinzekweni kwesinikimandla.

Eceleni kwalezi zingxoxo, uSARS ubuwenza uphenyo ngokuthobela ekuhlinzekweni kwezinikimandla, kanti ukuvalelwa kwemikhumbi ebalulwe odabeni oluphume kuphephandaba kuyingxenye yalolu phenyo oluqhubekayo.

USARS uyaqinisekisa ukuba imikhumbi eminingi yavalelwa ngokoMthetho Wokulawula Impahla Emngceleni, 91 wezi-1964. Lokhu kwenziwa enqubweni evamile yokuphenya ukuba okuhlinzekelwa uMthetho ngabe kuphuliwe na. NgokukaSARS lokhu kuvalela kusemthethweni futhi, njengoba uphenyo lusaqhubeka, asikho isinqumo sokuyishaqa le mikhumbi esesikhishiwe.

UKhomishana wakwaSARS uMnu. Edward Kieswetter uthe “uSARS unomthwalo wokusebenzisa umthetho ngobulungiswa, ngaphandle kokwesaba, ukwenzelela noma ubandlululo kanye nokwenza uphenyo ngendlela ehambisana nenqubomgomo onobulungiswa. USARS akazimisele ngokudicilela phansi ukukhula komnotho noma ukuba nesandla enkingeni yokuntuleka kwemisebenzi, ubumpofu kanye nokungalingani.”

UKhomishana uncenge abakhokhintela nabahwebi ukuba bathobele izibophezelo zabo zentela nokulawulwa kwempahla emngceleni. Ugcizelele ukuthi uSARS angeke ungabaze ukuqinisa isandla ukuqinisekisa ukuthi ukungathobeli kunzima futhi kumba eqolo kulabo abaqoma ngenhloso ukushaya indiva izibophezelo zabo. Isicelo kubo bonke abakhokhintela nabahwebi ukuthi, "thobela imigomo yentela noma ubhekane nemiphumela yokungathobeli”.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne SARSMedia@sars.gov.za